Sihlalo, lona nyaka wezimali ka-2011/2012 siwuhlonze njengonyaka womnyakazo. Ngakho-ke, namhlanje kuyigunya lami ukuba ngethule isabelo-mali soMnyango wezokuThutha uVote 12 ngaphansi kwesiqubulo esithi, *'Activism Against Road Carnages and Transgressions'*, okusho umnyakazo wokulwa nezingozi nokwepfulwa kwemithetho emigwaqeni. Lo mnyakazo futhi uphinde uqondane nokuthi kulo nyaka siqala ishumi leminyaka lokuzibophezela kwe-United Nation kwezokuphepha emigwaqeni. Umhlaba wonke uhlanganyela emizamweni yokunqanda ukufa kwabantu emigwaqeni phakathi ka-2011 no-2020. NjengoMnyango, sifuna ukugqugquzela imiphakathi ukuthi izibandakanye ekunqandeni izingozi nokwepfulwa kwemithetho emigwaqeni yethu.

Ngenkathi ethula inkulumo yesizwe, uMongameli wezwe uMhlonishwa uMnuz Jacob Zuma uthe, uma ngimcaphuna, "Sihlabela phambili, siphokophelele ekufezeni imigomo yethu yokwenza impilo engcono kubantu bonke. Lokho futhi sikwenza ngokubambisana nabantu". Siyalemukela ikhwela lakho Mongameli, siyazibophezela ngokubamba iqhaza kulokhu futhi sizoqala ngokuphepha emigwaqeni yethu, sidlulele emisebenzini yokuthuthukisa ingqalasizinda yomgwaqo nezokuthuthwa komphakathi.

Yingakho-ke mhlaka 25 no-26 kuMarch uMnyango wezokuThutha ubize imbizo yezokuphepha emigaqweni, ngaphansi kwaso isiqubulo sethu. Lo mhlango usinike ithuba lokuzizwela kubantu baKwaZulu-Natal ukuthi yini enye enokwenziwa ukulwa nalolu bhuhane, ngubani ngempela oyimbangela, kubhekwana kanjani nalabo abayimbangela nokuthi ngubani okumele abhekane nabo laba.

Malungu ahloniphekile, ngivumeleni ngithathe leli thuba ngibonge bonke labo ababe yingxenywe yalo mhlango. Siyakholwa ukuthi ukubamba iqhaza komphakathi ekutholeni izixazululo zezinselelo esibhekene nazo kwezokuphepha emigwaqeni kuzosiza kakhulu ukuqinisekisa ukuthi abantu ngabanye ngamunye, izinhlaka emazingeni wonke, umphakathi ngokubanzi bakwenza kube umsebenzi wabo ukulwa nezingozi ngoba ukuphepha emigaqweni kusemahlombe omuntu wonke osebenzisa umgwaqo. Siyathemba ukuthi sizobona izithelo ezinhle eziqhamuka kulo mhlango.

Ukuze sithathe igxathu eliya phambili, kusemqoka ukuthi sibheke emuva kulokho esikwenzile ngesabelo-mali sonyaka odlule. Ngo-2010 inkulumo yesabelomali sayibhekisa kakhulu ekuletheni uzinzo embonini

yamatekisi. SiwuMnyango sazibophezela ekusebenzeni ngenkuthalo ukuba kwenzekelwe lokho. Nakuba imboni yamatekisi beyikhungethwe yisimo esibucayi ngezikhathi ezidlule kodwa ngiyajabula ukusho ukuthi sesibe nempumelelo ekuxazululeni izinkinga zososeshini abebhekene ngeziqu zamehlo njengase-Chesterville/Westville, uMlazi MNR, kanye neMandeni/Sundumbili, ukubala abambalwa.

Sazibophezela ekubambeni iqhaza ekusingatheni ngempumelelo imidlalo yeNdebe yoMhlaba ka-2010. Kuyiqiniso ukuthi imboni yamatekisi yaqinisekisa ukuthuthwa komphakathi ngezithuthi eziphephile, ezikhonekayo futhi ongathembela kuzo. Ukwenziwa ngcono kwengqalazizinda yomgwaqo oholela e--King Shaka Airport yabe seyiphothuliwe ngesikhathi semidlalo.

Ezokuphatha

Ngasohlangothini olubhekene nabasebenzi emsebenzini wethu, ngiphakamisa okukhulu ukubonga emndenini wonke woMnyango wezokuThutha ngokuhlonipha uphenyo lwethu esibe nalo. Asihlangabezana nazinkulumo ezibhekiswe kubasebenzi boMnyango. Ngemuva kokuphothulwa kombiko wophenyo, sizobe sesihlela uhlaka lwezikhundla zabasebenzi njengoba kudingeka ukuze kugcwaliswe izikhala ezikhona. Sozihambisana nemigomo yokuqasha ngokulingana ebalulwa yi-Employment Equity Act. Sibheke ukuthi kwenzekelwe ngokulandela izincomo zabaphenyi egameni lokwenza ukusebenza koMnyango, nokuthi silethe usizo olusezingeni kubantu baKwaZulu-Natal.

Uma siqhubeka sibheka phambili ngonyaka ka-2011, siyazibophezela ekuhlonipheni ikhwela elihlatshwe nguMongameli wezwe uMsholozzi ukuba siqinisekise ukuthi u-2011 uba unyaka wokwakhiwa kwamathuba emisebenzi ngokwenza izinguquko kwezomnotho nokukhuliswa kwawo. Enkulumweni yakhe ayethulele isizwe uMongameli uthe, "Yonke iminyango kaHulumeni mayenze izinhlelo zayo zihambisane nokwakhiwa kwemisebenzi. Izifundazwe nohulumeni basekhaya bayanxuswa ukwenza lokho nabo." Kulo Mnyango sivumelana nekhwela likaMongameli. Uhlelo lwethu lokusebenza lonyaka, esithi i-Annual Performance Plan, luhambisana nalokhu.

Malungu ahloniphekile, uMnyango uyaqhubeka nohlelo lwemfundo yabadala, olwaziwa nge-Adult Education & Training (AET). Kunokukhulu ukudlondlobala kusukela zaqalwa lezi zinhlelo ngo-2004. Ngo-2010, abafundi be-AET abangu-22 abaphothule ngempumelelo bazuza izitifiketi ze-General Education and Training ku-NQF Level 1, kanti kulindeleke ukuba sikhule isibalo sabazoqeda kulo nyaka ka-2011.

Ngenxa yohlelo lokongiwa kwemali esiFundazweni, uMnyango awukwazanga ukunikeza abafundi abasha imifundaze (ngaphakathi nangaphandle), yize besebaningi abasaxhaswe ngemifundaze kule ndima. UMnyango utshale u-R1 967, 500 ezinhlelweni zokunikezelwa kwemifundaze kanti-ke lesi sibalo silindeleke ukuthi sinyuke ngonyaka wezimali ka-2011 no-2012 ngenxa yokukhuphuka kwemali yokufunda ezikoleni, indawo yokuhlala kanti nokudla kuyabiza nokunye-ke.

Ingqalasizinda yezokuthutha

Mama Somlomo, kuyaziwa ukuthi ingxenye enkulu yebhajethi yoMnyango iya ekuthuthukisweni kwengqalasizinda yomgwaqo nokugcinwa kwawo isesimweni. Isiyonke imali yengqalasizinda yemigwaqo kulo nyaka wezimali ka2011/2012 ingu-R4.7 billion. Imali engu-R1.98 billion ibhekene nezinhlelo zokwakha bese ingxenye engu-R2.5 billion ibhekane nokugcina imigwaqo isesimweni. Ukwabiwa kwemali kuzama ukulinganisa ukwakhiwa kwemigwaqo emisha nokugcina leyo ekhona isesimweni.

UMnyango usuwenze umehluko omkhulu ekuthuthukisweni kwengqalasizinda yomgwaqo ezindaweni zasemakhaya KwaZulu-Natal. Ngaphezulu kwamakhilomitha angu-500 emigwaqo emikhulu asephothuliwe ukuxhumanisa amadolobha asemakhaya njengoNongoma, Hlabisa, Osizweni nezinye izindawo.

Sibeka phambili ukufukulwa kwemiphakathi yasemakhaya ngokwenza lula ukufinyelela ezikoleni, emtholampilo, ezikhungweni zemiphakathi kubandakanya nezindawo zokulima, sisebenzisa izinhlelo zika-Operation Kushunquthuli, i-Roads for Rural Development nolokwakhiwa kwamabhuloho ezinyawo. Yize uMnyango usuwakhe amakhilomitha awu-6000 emigwaqo yasemakhaya, usasalelwe u-11 800 wamakhilomitha ukufinyelela lapho uzimisele ukuba ufike khona okwamanje. Kumanje, kumabhuloho ezinyawo angu-474 okumele siwakhe, angu-42

asesikwazile ukuwakha. Kodwa futhi sithanda ukugcizelela ukubaluleka kokusebenzisana nomasipala bezifunda nabamadlobha ekubhekaneni nalezi zinsalelo.

Isibonelo nje, umgwaqo u-D1273 eMsinga, KwaMabaso, lapho siphezu kokwakha umgwaqo oxhumanisa umphakathi wakwaNocomboshe, eHholwane, eNqwabeni, okumanje uhamba ibanga elide ukufinyelela lapho kunezinsiza khona. Ngokuqedwa kwawo kuzosizakala kakhulu abafundi, othisha, abasebenzi bezempilo kanye nomphakathi ngobuningi bawo njengoba lo mgwaqo wenza kufinyeleleke kalula esikhungweni somphakathi esididiyele izinsiza, esithi i-Multi-Purpose Centre, esikoleni uNocomboshe nomtholampilo i-Colesi. Miningi imisebenzi esiphezu kwayo njengamanje kuso sonke isifundazwe. Malungu ahloniphekile, lokhu kuhlenganisa umgwaqo u-D 1357, ibhuloho loMkhomazi eMpendle nelinye futhi elakhiwayo eLudimbi eMhulumayo ngaphansi kwesifunda saseMnambithi, ukubala nje okumbalwa.

Ekugcineni imigwaqo isesimweni, uMnyango uzolwa nenkinga yezikhinsi emigwaqweni yethu. Iyona nkinga le esiphenduke umagadl'ephindelela ocekela phansi ingqalasizinda yemigwaqo kuhlenganisa namabhuloho lapho kunemali eningi efakwayo. NjengoHulumeni wesifundazwe sibheke phezulu kumgcini mali kazwelonke ukuba asitakule kule nselelo yokwenza kubekhona ukuphepha kubantu baKwaZulu-Natali.

Malungu ahloniphekile, uMnyango usazoqhubeka nezinhlalo zawo ezifana ne-African Renaissance Road Upgrading Programme (ARRUP) eziphokophele ukwenza ngcono ukuhamba ezindaweni zasemakhaya nokubambisana kwezokuvakasha kube futhi kudaleka namathuba emisebenzi aseqophelweni eliphezulu ngokusebenzisa osonkontileka beVukuzakhe ne-Expanded Public Works Programme (EPWP) ebandakanya uhlelo lokuxosha indlala olwaziwa ngoZibambele.

Izinsalelo kwezokwakha

Ukuthunyelwa kwe-Bitumen esetshenziswa ekwakhiweni kwemigwaqo yetiyela kube nobunzima obukhulu kusuka ngo-2010 njengoba abaphehli bawoyela bengakwazanga ukukhiqiza ngokwezinga elanele ukulungisa nokunakekelwa kwemigwaqo yezifundazwe nekazwelonke. Lokhu kwaba ngenye yezingqinamba ezinkulu eMnyangweni. I-Bitumen iluketshezi lukawoyela olusetshenziswa etiyeleni futhi lukhiqizwa yibo abahluzi

bakawoyela. Njengamanje kunenkinga yokungabi khona kwezihluzo zikawoyela ezanele ukukhiqiza i-Bitumen edingekayo.

Kunesidingo sokuthi uHulumeni angenelele ukuqinisekisa ukusebenzisana okungcono kubahluzi bakawoyela njengoba kusengathithi kusalokhu kuqhubekile ukuphazamiseka kokuthunyelwa kwe-Bitumen. Kungaba yisixazululo kulezi zinkinga ukuthi i-Bitumen ivele nayo ithathwe njengo phethiloli nowoyela lapho abahwebi bebhekeke ukuba bagcine isamba esithile sikhona, noma-ke ivele ithengwe phesheya i-Bitumen, kodwa kube uHulumeni ozolawula intengo engathengwa ngayo.

Izimvula ezihambisana nezikhukhula iKZN ebhekane nazo kule minyaka edlule zibe enye yezingqinamba ezinkulu uMnyango ohlangabezane nazo. Vele isehlo esifana nalesi asigwemeki ngoba ukwenzeka kwaso kusuke kulawulwa iMvelo.

Nakuba uMnyango ukwazile ukuhlomula isamba esingu-R214 billion ekulungisweni kabusha kwemigwaqo ebhidlikile ngezikhukhula zika-November 2009, nezika-January 2010, kodwa uMnyango usasidinga isamba esingango-R311.45 million ukulungisa imigwaqo ebhidlike ngezikhukhula zika-January 2011.

Ukungatholakalikiwenkwalienyeyezingqinambaemsebenziniwomgwaqo. Lokhu kuntuleka kwayo kudala ukwenyuka kwezindleko ngenxa yebanga elide isuswa lapho itholakala khona iyiswa lapho kwakhiwa noma kulungiswa khona umgwaqo. UMnyango uthembele eMakhosini eNgonyama Trust ukusiza ekutholakaleni kwemvume yokuthatha inkwali ngokwamalungelo ezimayini kanti kusathanda ukuba nezinkinga uma kuxoxiswana nawo ngezindleko zokuyithola.

Noma zikhona lezizingqinamba, uMnyango uzibophezele ukufeza lokho ozibekela kona ekwakhiweni nasekunakekelweni kwemigwaqo kulonyaka wezimvulo ka-2011/2012.

Ukusebenza kwezokuthutha

Malungu ahloniphekile, ngokulandela uhlelo lukaHulumeni lokuhlela ezokuthutha ngokudidiyela, uMnyango uzobambisana nomasipala ekuhleleni ukusetshenziswa komhlaba. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi kukhulunywa ulimi olulodwa bese kugwemeka ukushayisana

ikakhulukazi emkhakheni wezithuthi zomphakathi. Izindawo osekube nomnyakazo kuzona ngalokhu zihlanganisa Ulundi Integrated Intermodal Public Transport Facility ezophothulwa ngo-April kulo nyaka, kanye nokulungiselelwa kweyase-Estcourt nako osekuphothuliwe. Ngo-2011 kuzokwenziwa okufanayo eMondlo naseMzimkhulu.

Iyaqhubeka imizamo yokuletha uguquko ekuxhasweni kwezithuthi zomphakathi, lapho uHulumeni waKwaZulu-Natal usuphasise umgomo ozobhekana nokulungisa ukungalingani kwangesikhathi esedlule. Sesibheke ukusebenza ngempumelelo kwalolu hlelo ukuze kusizakale abantu abaningi. Kafushane nje, lolu hlelo luthi u-70:30 okumele usebenze ukufukula abebengenalo ithuba (abamnyama, abesifazane, intsha, abaphila nokukhubazeka, imboni yamatekisi, nabamabhasi amancane) kanye nalabo asebekade basebenza ngamabhasi.

Ngonyaka wezimali ka-2010/2012, uMnyango ukwazile ukugcina ukusebenza kwalolu xhaso lokuthuthwa komphakathi endaweni yaseShowe nase-Clermont. Ngaleyo ndlela sikwazile ukufaka nabemboni yamatekisi nabamabhasi abancane kulolu hlelo lwezinkontileka zokuthuthwa komphakathi. Kumanje sisemizamweni yokuliqhuba lolu hlelo lwezinkontileka endaweni yase-Port Shepstone. UHulumeni usazibophezele ekuzibandakanyeni nokubambisana nabamele inhlango kazwelonke yosomatekisi eyaziwa nge-South African Taxi Council (SANTACO) lapha KwaZulu-Natal, kanjalo neKwaZulu-Natal Bus Council (KWANABUCO), kanye ne-Public Transport Passenger Associations (PTPA), ukuqinisekisa ukuthi ukuthuthwa komphakathi kusezingeni elifanele esifundazweni.

Imizamo kaHulumeni yokubambisana nemboni yamatekisi nabamabhasi amancane isiqalile ukuthela izithelo ezinhle. Ngomhlaka 2 kuNovember 2010 imboni yamatekisi yethula umbono wayo owaziwa nge-iTR32020 Vision, ohlose ukubuyisela isithunzi, ukwakheka kabusha nokuyibeka ezingeni elifanelekile le mboni lokuba ikwazi ukudlala noma iyiphi indima ezinhlelweni zokuthuthukisa ezokuthuthwa komphakathi nokunika abanikazi bamatekisi ithuba lokungena nakweminye imikhakha yezokuthutha. Ngo-January 2011 i- KwaZulu-Natal Bus Council (KWANABUCO) yaba nomhlangano okhethekile lapho kwakubekwa ubuholi obusha ngokwentando yeningi.

Ukusebenza komthetho we-National Land Transport Act ka 2009, kwaletsa izinguquko ezinhle ekulawulweni okwaholela ekusungulweni kwe-Provincial Regulatory Entity (PRE), isungulwa aMalungu oMkhandlu

oPhezulu wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi. Njengamanje kune KwaZulu-Natal Public Transport Act Repeal Bill esisephalamende, okuyiyona emele ukubhidliza lesi sikhungo esakheka nge-Provincial Act nesiphikisana nomthetho kazwelonke. Ukubakhona kwe-PRE sekuqala ukuthela izithelo ezinhle njengoba sesibona ukwehla kwezinxushunxushu kwezokuthuthwa komphakathi esifundazweni okuhambisana nokwenziwa ngcono kohlelo lwamalayisensi emizila.

Malungu ahloniphekile, ngithanda ukubonga abombutho we-SAPS ngokubambisana nathi ekuletheni uzinzo embonini yamatekisi. Kulesi sikhathi esedlule bekunzima ukubhekana nodlame lwamatekisi. Ukubambisana koMnyango wezokuThutha ne-SAPS ngaphansi kohlelo lwethimba le-Justice Crime Prevention and Security Cluster elaziwa nge-Taxi Violence Task Team, sekube nomthelela omuhle ekuletheni uzinzo embonini yamatekisi. Isu lethu lokukhuthaza ukubambisana nokuxoxisana ngokuthula sekuholele ebuyeni kwesimo esijwayelekile sokusebenza kwamatekisi kososeshini abebenezimpi. Sekunabaningi futhi asebeboshiwe, nakuba zisekhona nokho izinkinga ngokugwetshwa kwabanye abasuke beboshiwe. Lokhu kudalwa kakhulu ngokusatshiswa kofakazi abanye baze babulawe. Sizozhubeka nokubheka izindlela zokugcina ukuthula embonini yamatekisi.

Ngabe ngehlulekile emsebenzini wami Malungu ahloniphekile uma ngingabaluli iqhaza i-SANTACO elibambile ekwakheni ukuthula embonini yamatekisi kulesi fundazwe. Ngaphandle kweqhaza elibanjwe yi-SANTACO, konke lokhu ngabe kube nzima kakhulu. Uma ngicacisela iNdlu lapha, uMnyango unokusebenzisana okukhulu nembali yamatekisi. Sesize sasayinda isivumelwano lapho sizibophezela ekuxoxeni uma sifuna izixazululo, phakathi kokunye. Siyethulela isigqoko imboni ngalokho kuzibophezela.

Ngifisa ukukuveza kule Ndlu ukuthi namanje isivumelwano sethu nembali yamatekisi siyaphila futhi siyasebenza. Ezinhlalweni eziningi zikahulumeni zokuya emiphakathini, sisebenzisa imboni yamatekisi njengezithuthi ezingcono ukuthutha umphakathi oya kuleyo micimbi. Sikushayela ihlombe futhi ukusebenza kwabo okugculisayo kuwo lo msebenzi.

UMnyango uyaqhubeka nohlelo lwamabhayisikili ukubhekana nezinsalelo zokukhinyabezeka kwabafundi ezifundweni ngenxa yebanga elide abalihambayo uma beya ezikoleni. Ngaleso sizathu amabhayisikili angu-2 050 asenikezelwe abafundi basezikoleni zasemakhaya kulandela

ukwethulwa kwalolu hlelo eNdaka ngo-November ka-2010. Lolu hlelo selusatshalaliswe nakwezinye izifunda.

Ukulawula ezomgwaqo

Malungu ahloniphekile, ngaphezu kokuba kuqwashiswe abasebenzisa umgwaqo ngezokuphepha, ukuqiniswa komthetho emigwaqeni yikona okuhamba phambili ekudaleni ukuphepha. Yingakho sizozhubeka sisebenzise indlela edidiyele kwezokugcinwa komthetho womgwaqo. Injongo yethu ukuqinisekisa ukuphepha emgaqweni kubo bonke abawusebenzisayo, lokhu kuzokwenzeka ngokuhlanganyela kwezokugcinwa komthetho okungamaphoyisa omasipala, i-SAPS, u-Custom nabезentela. Sifuna ukubamba zonke izinhlobo zobugebengu emgwaqeni ngalolu hlelo oludidiyele.

Njengoba uMnyango ukubona ukuphepha emgaqweni kuyindaba ebucayi, sizosebenzisa konke esinakho ukulwa nale mpicabadala yezingozi. Kuwusa phambili umbhidlango wethu wezokuphepha ukubambisana nezinhlangano ezisebenza ngokuzimela. Isibonelo, ubudlelwano nokubambisana ne-South African Breweries (SAB), sekwenze kwaba lula ukuvula izikhungo ezintathu ezaziwa ngama-Alcohol Evidence Centers ezitholaka kwa-RTI ku-Braid Street eMgungundlovu, nenye ekwa-RTI waseMdloti, kanye nenye futhi ese-Port Shepstone. Kulo nyaka wezimali esingena kuwona mabili ama-center azovulwa, enye izoba sePinetown, kanti enye izoba seMpangeni. Kuze kube manje sebengu-3 330 abashayeli bezimoto asebeboshelwe ukushayela bephuzile.

Siphindile futhi sakha ubudlelwano nenye yezinhlangano ezingekho ngaphansi kukaHulumeni, phecelezi, Non-Governmental Organisation (NGO) eyaziwa nge-South Africans Against Drunk Drivers (SADD), kanye nenkampani yabashicileli bamaphephandaba i-Independent Newspapers. Ngokubambisana sibe sesiqhamuka nomkhankaso esiwubiza nge - "Name and Shame Campaign," lapho siqonde khona ukuba amagama ezaphulamthetho ezishayela ziphuzile anekelwe izwe ephephandabeni Isolezwe ne-Daily News. Lokhu kungukukhuthaza ukubambisana nomphakathi ekulweni nabantu abaphuza bese beshayela nokuthi labo abakwenzayo baziwe emphakathini wonkana. Ngokwenza njalo sinethemba lokuthi sizokwehla isibalo esingemukelekile sabantu abafayo nabalimala emigaqweni ngenxa yalabo abaphuza bese beshayela.

Ngenxa yokubambisana, sibona zonke izinhloko zomphakathi kusukela kwi mboni yamatekisi, eyamabhasi, eyokuthuthwa kwempahla - amaloli, izikole zokushayela, abamathaveni, amabhizinisi azimele, amabandla ezenkolo, izikhungo zemfundo, ohulumeni basekhaya, abezindaba, bonke basho ngazwi linye bathi umbhidlango wokuphepha emgaqweni awuqhubekela phambili.

Malungu ahloniphekile, sasabalalisa uhlelo lwamakhamera athatha ijubane lemoto ngisho ngabe isikude nalapho lomshini ukhona (Average-Speed-Over-Distance camera) ku-N3 phakathi kwe -Ashburton ne-Camperdown. Kulo nyaka wezimali odlule, nokube isikhashana nje ibekiwe, sibone umehluko omkhulu, kwehla ubudedengu kubashayeli nezingozi zancipha. Sisalokhu sikulandele njalo ukusebenza kwale mishini kanti sesitholile ukuthi sesikwazile ukwehlisa izinga lejubane ngamaphesenti angu-60 lapho kufinyelela khona le mishini. Ikakhulukazi sibheke kakhulu izithuthi zomphakathi kanye namaloli athwala impahla. Lo msebenzi uphumelele kakhulu futhi wabekwa njengokumele uqiniswe uye phambili ekuqiniseni komthetho emgaqweni.

UHulumeni kazwelonke ugqoguzela ukuba amaphoyisa abe semgwaqeni amahora angu-24 ngosuku. Lokhu kudalwa yisibalo sabantu abafa emigwaqeni yethu okudinga kuqiniswe umthetho ubusuku nemini, ikakhulukazi isibalo esiphezulu sokufa kwabantu ngezimpelasonto naphakathi kuka-12 ebusuku no-6 ekuseni ezinsukwini zonke zeviki. Ngenxa yalokhu, sibona ukuthi kusabalulekile ukuthi wonke umuntu abambe iqhaza emshikashikeni wokunciphisa izingozi nokwepulwa kwemithetho emigwaqeni njengoba ezokuphepha kuyinto okumele kwabelwane ngayo.

I-Motor Licencing

Uphiko lakwa-Motor Transport Services Directorate (MTSD) luyaqhubeka nokudla umhlanganiso ekungeniseni imali njengoba lwenza ngaphezu kuka-R1 billion ngokukhokhelwa kwezincwadi zokushayela ngonyaka kubanini bezimoto abanga phezu kuka-R1.4 million sekuhlanganiswe imali engena ezikhungweni zaka MTSD esifundazweni sonke. Imizamo eqhubekayo yokuyisa uHulumeni kubantu isiyenza lolu phiko lwe-MTSD lufike mathupha kubantu obekudinga bahambe ibanga elide ukuyobhalisa nokuthola izincwadi zokushayela emadolobheni abo ahlukahlukene.

Eminyakeni embalwa nje edlule, izikhungo zokubhalisa izimoto nokuthola izincwadi sezikhule zisuka ku-34, ziya ku-81, sekuhlangene nezikhungo zokubhalisela amalayisense esezivulwe emaposini. Seziyasebenza lezi zikhungo ezindaweni ezifana neHluhluwe, MegaCity, nase-Pinetown.

Ukuze izinga lokuphepha emgaqweni lingehli futhi kubekhona inzuzo, uphiko lwe MTSD luzoqhubeka nokwandisa inzuzo eliyakhela uHulumeni ngokulawula izikweletu. Ngokufanayo futhi nakwi-eNatis imininigwane iyasuswa uma abanikazi bezimoto sebedlulile emhlabeni noma bengawazisanga uMnyango uma sebeyidayisa imoto.

Uphiko lwe-Provincial Vehicle Inspectorate kwa-MTSD, ekulweni nokukhwabanisa nenkohlakalo, luzozibambela mathupha kulo nyaka ka-2011/2012 ekuhloleni ukuphepha kwamabhasi, amaloli akwaTransnet noma uPortnet kanye nezinkampani zezimayini ukubheka ukuphepha kwazo zonke lezi zithuthi, bese kuba izimoto zikaHulumeni KwaZulu-Natal.

Izinkantolo nokuphepha emgaqweni

UMnyango uyakwemukela ukuhlawuliswa inhlawulo enkulu kwalabo abasuke bethweswe amacala ngokwephula imithetho yomgwaqo yizinkantolo zobulungiswa kuphelezelwa nawukuphucwa izincwadi zokushayela kwesikhashana. SiwuMnyango siyawunxusa uMnyango wezoBulungiswa ukuba uqhubeke njalo nokukhipha lezi zigwebo zalolu hlobo kwizaphulamthetho kuzo zonke izinkantolo zesifundazwe. Ngonyaka wezimali odlule, uMnyango ukwazile ukuphuca abashayeli amalayisense okwesikhashana njengoba bebalelwa ku-116 abathintekile emva kokuba belahlwe amacala abebethweswe wona ezinkantolo.

Izinhlelo zokuthuthukisa osonkontileka

Malungu ahloniphekile, iqhaza loMnyango ekusimamiseni ukusebenza kwama- SMMEs liyaqhubeka. Ngonyaka wezimali esiphuma kuwona, uMnyango wazibophezela ekutheni osonkontileka abasafufusa abangaphansi kukaVukuzakhe bahamba ezinyathelweni zohlelo lukaHulumeni lokufukula ababencishwe amathuba kwezomnotho

olwaziwa nge-Broad- Based Black Economic Empowerment (B-BBEE), njengoba luzolekelela ekukhuliseni amabhizinisi abo phakathi kokunye. Sesenze imihlangano yokufundisana esifundazweni sonke, lapho sixoxa nosonkontileka ngezindaba ezithinta i-B-BBEE nokuqinisekisa ukuthi amabhizinisi abo ayangena ohlelweni lokuhlolwa kwawo ukuthi asemthethweni.

Uhlelo lokuqinisekisa ukuthi uVukuzakhe uhambisana nemibandela yomthetho ikakhulukazi i-Preferential Procurement Policy Framework Act (PPPFA) sekube ngenye yezinto uMnyango ozenzayo njalo uma uhlangana nezinhlaka ezahlukene ezithintekayo. Lokhu kuhlangukisa i-Construction Industry Development Board (CIDB), uMgcinimafa kuzwelonke nasesifundazweni. Inhloso yalokhu ngukuthola indlela eya phambili ekuqhubeni uhlelo ngaphandle kokuphuma okutheni ezinhlosweni zikaVukuzakhe. Bangu-4 389 osonkontileka bakaVukuzakhe asebebhalisile kwi-CIDB okulingana no-54% wosonkontileka abakwaZulu-Natal.

Malungu ahloniphekile, inhloso yethu njengoMnyango ngoVukuzakhe kulo nyaka wezimali esingena kuwona ngokuqhubeka nokubuyekeza uhlelo losonkontileka abasafufusa ngokubheka izindlela intsha yesifundazwe sethu enothando lwamabhizinisi kwezokwakhiwa kwemigwaqo, engasizakala ngayo kulolu hlelo. Lokhu kuzohlangukisa abesifazane kanye nabaphila nokukhubazeka. NjengoMnyango, kungumbono wethu ukuthi lokhu kubalulekile njengoba kuzosiza lesi sifundazwe nezwe lonkana.

Ukuthuthukiswa kwentsha ngemifundaze

Ngokuhambisana nomgomo kaHulumeni wokubeka eqhulwini ukuthuthukiswa kwamakhono, kusuka ngonyaka wezimali ka-2008/2009, uMnyango unohlelo lokusiza abafundi esithi ama-learnship. Loluhlelo lwaqala ngabafundi abangu- 197 ababesemikhakheni eyahlukene. Nanamhlanje ama-learnship amabili asekhona azophothulwa ekupheleni kwalo nyaka wezimali, kanti abafundi abangu-24. Laba basabalele kuma-project amathathu okungu-P700 no-P230/240 esifundazweni. Ngonyaka wezimali ka-2010/11 bonke abanye baphothulile. Ngalolu hlelo lwama-learnship abafundi bathola uqeqesho ekuphathweni kwemisebenzi yokwakha esigabeni sika-NQF Level 4 nasekwenziweni

kwezinkontileka zokwakha esigabeni sika NQF Level 4, phakathi kokunye.

Kulabo abaphothulile kulo nyaka esiphuma kuwona, abanye bathathe umkhakha wobunjiniyela kanti bathole amaphuzu azobenza baqhubeke nezifundo ngenxa yokuzinikela kwabo nolwazi abaluthole kulolu hlelo. Abanye sebethathwe izinkampani ezinkulu zokwakha njengo Steffanuti & Stock no-Group Five besebenzisa lona leli khono abalithole lapha kuma-learnership.

Malungu ahloniphekile, siphezu kwezihlelo zokwakha ubambiswano nezikhungo zemfundo ephakeme, ikakhulukazi ama-Further Education Technical Colleges nama-University of Technology mayelana namakhono antulekayo njengoba umsebenzi wethu kungukuthuthukisa ingqalasizinda yomgwaqo. Njengamanje sibambisene nesikhungo saseMangosuthu University of Technology ukubheka izinhlelo ezingasiza ekuthuthukiseni intsha ngama-learnership nezinhlalo zokwabelana ngolwazi nabaqhamuka ngaphandle kwaleli. Sibheke izithelo ezinhle kulolu bambiswano ekuyiseni phambili intuthuko yentsha egameni lalesi sifundazwe nezwe lethu lonkana.

Uhlelo lwe-Expanded Public Works Programme (EPWP)

Isifundazwe saKwaZulu-Natali sithathwa njengomgogodla we-EPWP kuleli lizwe, nakuba zikhona izingqinamba ngokwesifundazwe nangokomnyango ezisadinga ukuxazululwa. Lezi zinkinga ziba nomthelela ongemuhle ekuzameni kwethu ukuthola izimali, zidalwa ukungabiki kahle kweminyango ethile esifundazweni. Lokhu kusinika isithombe esimbaxambili ngohlelo lwe-EPWP KwaZulu-Natal lapho sikwazi ukufinyelela kokulindelekile kuzwelonke ekubeni imibiko yesifundazwe ikhomba izinga eliphansi lokusebenza.

Uhlelo lwe-EPWP luzoqhubeka lubambe iqhaza ekwakhweni kwamathuba emisebenzi nokwenza igalelo kwi-New Economic Growth Path. Isibonelo, kulo nyaka wezimali omusha, u-R1.1 million ubekwe eceleni ukuba usize abanye abafundi ngohlelo lwama-learnership, abebengakaze bathole amathuba okuqhubekela phambili, ukuze basize

uMnyango ekuphathweni kohlelo lukaZibambe. Laba bafundi bazothola ukulekelelwa ngemadlana ezoqhamuka esikhwameni se-EPWP Incentive Grant njengoba bezobe beyingxenye yomsebenzi okwenziwa ngawo ombiko we-EPWP.

Isiphetho

Malungu ahloniphekile, umzabalazo wokwakha iKwaZulu-Natal engcono uyaqhubeka. Ngithanda ukubonga igalelo loMnyango ngaphansi kwesandla sikaMnuz Chris Hlabisa kanye nabo bonke esibambisene nabo ukwenza iKwaZulu-Natal ibe ngcono. Ukulethwa kwezinsiza ngempumelelo kuncike ekubambisaneni phakathi kweminyango, omasipala, osomabhizinisi abazimele, bese ikakhulukazi kuba imiphakathi uqobo lwayo. UMnyango, ngokusebenzisa izinhlaka zokuxhumana nemiphakathi, okungama-Rural Road Transport Forum, Public Transport Passenger Association nama-Community Road Safety Council, ukuqinisekisa ukuthi kunokumeleleka okwanele ekuhleleni nokubheka imisebenzi okumele ihambisane nezidingo zemiphakathi ngaleso sikhathi.

Leli yishumi leminyaka lezokuphepha emgwaqeni, lona ngunyaka womnyakazo womphakathi wokulwa nokufa kwabantu nokwepulwa kwemithetho emigwaqeni yethu. Sonke masibambe iqhaza ekwenzeni loMnyango nalo Hulumeni ube ngcono egameni labantu baKwaZulu-Natal.

Ekugcineni, Mama Somlomo, ngivumele ukuba ngethule isabelo-mali uVote 12 soMnyango wezokuThutha sonyaka ka-2011/12 esingu-R6,573,729 billion ukuba semukelwe njengoba sabiwe kanje:

Administration R249 070 million

Transport Infrastructure R 4 746 431 billion

Transport Operations R 878,888 million

Transport Regulation R 619 209 million

Community Based Programme R 80,131 million

Ngiyabonga

Compiled by:

Office of the MEC: Transport, Community Safety & Liaison

Physical Address:

172 Burger Street
Pietermaritzburg 3201

Postal Address:

Private Bag X9043
Pietermaritzburg 3200

For more copies contact the Library:

Tel.: (033) 355 8694

Fax.: (033) 355 8092

www.kzntransport.gov.za